# HILLCREST HIGH SCHOOL

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**JUNI 2018**

**IBANGA LE- 12**

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2 (2 hours)

Leli phepha linamakhasi angama-13

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi beseuphe imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**ILADYSMITH BLACK MAMBAZO**

1 I -Ladysmith Black Mambazo yiqembu lomculo wesicathamiya laseNingizimu Afrika. Leli qembu lasungulwa/laqalwa uMnu. Joseph Shabalala ngeminyaka ye-1960 edolobheni laseLadysmith esiFundazweni saKwaZulu-Natali. Abantu abaningi balibiza ngokuthi Amambazo Amnyama okuyigama leli qembu elidume kakhulu ngalo. Igama laleli qembu lasuselwa/laqanjwa ngegama ledolobha iLadysmith. Abaculi abaningi beqembu bazalwa kuyo le ndawo. UMnu. Shabalala waliqamba ngaleli gama ngoba ngokwakhe u'Black' umele inkunzi yenkomo emnyama enamandla, kanti i"Mambazo" lisho imbazo ebukhali ayifanisa namaphimbo abaculi bakhe. Iqembu laMambazo lakhiwe abantu abasondelene nomndeni kaMnu. Joseph Shabalala.

2 Iqembu laMambazo laqala ukuqopha icwecwe (CD) lomculo walo ngonyaka we-1970. Bawuqopha lo mculo benzela ukuthi ubekwe njengenye yezinto ezingamagugu omculo wabaMnyama. Babefuna ukuthi uhlale udlalwa futhi ulalelwa yizwe lonke kanye nalabo abaluthokozelayo uhlobo lomculo wabo. Kwakuyigxathu (step) elibalulekile kulo iqembu. Lokhu okwakuzoveza ukuphumelela kwesifiso somholi weqembu. Ngalezo zikhathi beqala kwakungelula ukuqopha. Amaqembu omculo ahlukene ayenezinkinga eziningi eziphathelene nemali ngoba **kwakumba eqola** ukuqopha. Kwakufanele athole inkampani azoba ngaphansi kwayo ukuze kube yiyona ekhokhela zonke izindleko zokuqopha. Iqembu eliqalayo nelingakaziwa laliba nezinkinga zokunganakwa futhi lingakutholi ukuxhaswa ngemali.

3 Iqembu laMambazo lafika nohlobo lomculo olwalungajwayelekile. Lolu hlobo lomculo lubizwa ngokuthi isicathamiya okungumculo owathandwa kakhulu ezimayini. Abantu ababesebenza ezimayini babecula umculo wesicathamiya ophinde ubizwe ngembube. Wawubajabulisa futhi bachithe nesizungu ngawo. Lo mculo wawuculwa abesilisa kuphela ngoba omama babesemakhaya bekhulisa izingane. Abantu abaningi ababesebenza ezimayini zaseGoli babevela KwaZulu-Natali. Babegoduka/beya emakhaya ekupheleni konyaka. Umculo wesicathamiya wawudlala indima enkulu ezimpilweni zabo, ubasiza ukuthi bangakhumbuli kakhulu emakhaya.

4 Kusukela ngeminyaka ye-1970 kuya kweyi-1980 iLadysmith Black Mambazo yacula emazweni angaphandle. UMnu. Paul Simon ongumshayi-sigingci waseMelika weza eNingizimu Afrika ezoqopha naleli qembu. Baqopha i-albhamu ethi Graceland eyenza baduma umhlaba wonke. UPaul Simon wabe esebuya ezokuba umdidiyeli (producer) weLadysmith Black Mambazo. Wadidiyela i-albhamu ethi Shaka Zulu neyawina umklomelo wokuqala weGrammy Award ngonyaka we-1988. Lo mklomelo bawuwina emkhakheni womculo we-Capella (umculo ongadlali ngezinsimbi). Babashaya bonke emakhanda ababekhethwe nabo kulolu hlobo lomculo. Amambazo aphinda awina

amanye amaGrammy Awards iminyaka emithathu ehlukene. Izingoma ezabawinisa yiRaise Your Spirit Higher (2004), Ilembe (2009) kanye neSinging for Peace Around The World (2013). AMambazo yilona lodwa iqembu emhlabeni jikelele eselaqokelwa lo mklomelo izikhathi eziningi kunamanye amaqembu kanye nabaculi. Imiklomelo yamaGrammy Award **akusiyo eyamavukane** kodwa eyabaculi abavela emazweni ehlukahlukene umhlaba wonke.

5 Ngaphandle kokuqopha noPaul Simon leli qembu selike laqopha nabaculi abahlonishwayo okubalwa kubo oStevie Wonder, Dolly Parton, Sarah Mclachlan nabanye. Amazwi abo amnandi ayezwakala emafilimini amaningi njengekaMichael Jackson i-Moonwalker, Disney i-Lion King II, eka-Eddie Murphy i-Coming To America namanye.

6 Amambazo asebenzile ukuphakamisa iflegi laseNingizimu Afrika ngezikhathi zobandlululo. Babelandela kwabanye abaculi bakuleli abanjengoMirriam Makeba, Hugh Masikela, Letta Muli nabanye abasebaziwa ngomculo omnandi wakule lizwe. Nakuba kunjalo iqembu laMambazo lisazihambela lodwa ngegalelo lalo ngoba namanje lilokhu livakashela emazweni aphesheya ngawo lo mculo.

7 UMnu Joseph Shabalala wafundisa amadodana akhe kanye nabashana lo mculo ngaphambi kokuthatha **umhlala phansi.** Izimemba ezaqala kanye noMnu. Shabalala uRussel Mthembu noNgane Dlamini bona basaqhubeka nokucula kuleli qembu. Bakhona nabanye asebajoyina.

8 Umculo waMambazo uyohlala uhamba phambili iminyaka eminingi ezayo. Umculo omnandi futhi okhuthaza amasiko kanye nenkolo.

*[Ucwaningo olucashunwe kwi-internet lwase luyahunyushwa]*

1.1.1 Ngubani umsunguli weqembu leLadysmith Black Mambazo? (1)

1.1.2 Kungani leli qembu libizwa nge Ladysmith Black Mambazo? (2)

1.1.3 Bhala isizathu esenza ukuthi baqophe umculo wabo ngonyaka we-1970? (2)

1,1,4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lichaza ukuthi...

Ukuqopha **kwakumba eqolo.**

A Kwakuyimvela kancane.
B Kwakungajwayelekile nhlobo.
C Kwakubiza kakhulu.
D Kwakushibhile kakhulu. (1)

1.1.5 Bhala izinkinga EZIMIBILI amaqembu aqalayo ayeba nazo uma efuna ukuqopha. (2)

1.1.6 Iyiphi indima eyayidlalwa yilo mculo kubasebenzi basezimayini? (2)

1.1.7 Tomula umusho osendabeni ositshela ukuthi iqembu laMambazo yilo lodwa emhlabeni wonke elisathole amaGrammy amaningi. (2)

1.1.8 Yini eyenza umculo weqembu laMambazo udume umhlaba wonke? (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

(a) Imiklomelo yama-Grammy Award **akusiyo eyamavukane**. (2)

(b) Osathatha **umhlala phansi.** (2)

1.1.10 Phawula ngomthelela omuhle owalethwa yiqembu laMambazo ezweni laseNingizimu Afrika. (2)


1.1.11 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umculo wesintu awunakiwe ezweni lethu? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.12 Umculo ungakusiza ukuthi ube nekusasa eliqhakazile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2 Bukisisa le sithombe bese uphendula imibuzo elandeyo.

**UMBHALO B (Obukwayo)**

(UThandi ufake ama-ear phones ukuze angamphazamisi uS'phe njengoba enza umsebenzi wakhe wasekhaya weZibalo. Umalume wabo udiniwe ngoba sekuphele amahora ama-4 bebuyile kodwa bahlezi ekhishini)



[Sicashunwe kwisiZulu Sethu]

1.2.1 Yini edlalwa uThandi efonini yakhe? (1)

1.2.2 Bhala OKUBILI okukhombisa ukuthi umalume udiniwe. (2)

1.2.3 Usebenzisani uS'phe esifundweni sakhe seZibalo? (1)

1.2.4 Bebekuphi S'phe noThandi ngaphambi kwamahora amane? Sekela impendulo yakho ubhekise esithombeni sikaS'phe noThandi. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngokulindelekile ukugcina abangani abasha.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile

### UMBHALO C (OFUNDWAYO)

**OKULINDELEKILE UKUGCINA ABANGANI ABASHA**

Kumnandi ukuba nabangani ngoba uthola ithuba lokwazi kangcono omunye umuntu. Abangani bagcina sebefana nezihlobo. Kusemnandi kunjalo, kufanele nazane kabanzi.

Kubalulekile ukuthi uthole ulwazi olwanele ngabangani bakho. Abangani kufanele bazi imvelaphi yomunye nomunye, abazali namakhaya abo. Lokhu kwenzela ukuthi uma bevakashelana ingabi khona inkinga..

Abangani bayakuthanda ubumnandi. Kuhle ukwazi ukuthi abangane bakho bathanda ukudla neziphuzo ezinjani. Lokhu kwenzela ukuthi uma ubakhipha wazi ukuthi nizoyaphi kumele ulungise imali engakanani.

Ukucabanga nokwenza izinto kubantu akufani. Kumele wazi izinto ezicasula nezijabulisa abangani bakho ukuze ningaxabani bese ubungani buphela. Impi isuka ngento encane.

Abangani beqiniso abakhulumi izinto ezimbi ngomunye uma engekho. Ungakuvumeli omunye akhulume kabi ngomunye ngoba efuna ukuthandwa. Ukuhlebana kuqeda ubudlelwano.

Ukuthembeka kudlala indima enkulu kubantu. Abangani kufanele bathembeke komunye nomunye bangenzi izinto emva komunye. Kufanele bathembana ngokweqiniso. Lokho kwenza ubudlelwane buqine kakhulu.

Umuntu okuthandayo umbona ngezikhathi lapho unezinselelo. Kumele abangani basizane, babambisane futhi baduduzane ngezikhathi ezinzima. Ukusizana kwakha ubungani obungeke kwahlukaniswa muntu.

Ubungani bakhiwa uthando. Abangani kufanele bakhombise uthando ngaso sonke isikhathi, baphane izipho, bavikelane futhi bafiselane okuhle. Lokhu kuvimba izifamona ebunganini benu.

*[Umbhalo wokuziqambela]*


**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)



***SIYADLONDLOBALA TOURISTS***

Kungabe ungumuntu othanda ukushaywa ngumoya ezindaweni eziphambili nezithandwa osaziwayo?

Kungabe awunaso isikhathi sokuzihlelela uhambo?






* *Sikubhukhela ithikithi lebhanoyi noma lebhasi.*



* *Sikuhlelela indawo yokuhlala **eseqophelweni eliphezulu**.*



* *Sikutholela izindawo ozozivakashela ohambeni lakho.*

**Phuthuma ukuze uziwinele ithikithi leholidi lamahhala!!**

Siyatholakala kulezi ziFundazwe KwaZulu-Natali, Mpumalanga naseGauteng.

Ihhovisi lethu elikhulu:

301 Jumbo Road, Piet Retief, 3850

(037) 857 2247/ 071 708 5692

siyandlondlobala@gmail.com

*[Umbhalo wokuziqambelaizithombeuggoglepic.com]*

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)

3.2 Bhala OKUKODWA abakwenzelayo okulesi sikhangiso. (1)

3.3 Bhala lo musho olandelayo ube senkathini yamanje eqhubekayo.

Thina kwaSiyandlondlobala sizokuhlelela konke. (1)

3.4 Hlobo luni lwesifengqo lolu olulandelayo?

Kungabe awunaso isikhathi sokuzihlelela uhambo? (1)

3.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Into **eseqophelweni eliphezulu** isho...

A Ebhaleke kahle.
B Eqondene ncamishi.
C Esezingeni eliphansi.
D Esezingeni elicokeme. (1)

3.6 Ngabe isakhi esidwetshelwe kulo musho olandelayo siveza muphi umqondo/impambosi?

Ungumuntu othanda ukushay<u>w</u>a umoya (1)

3.7 Tomula umusho ongakwenza usheshe uyobhukha iholidi. (2)


3.8 Kungabe izithombe ziyahambisana nalokhu okukhangiswayo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA.? (2)

**[10]**

## UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**




*[Umbhalo wokuziqambel, izithombe- www.googlepics.com]*

4.1 Bhala inkinga ebhekene nowesifazane osekhathunini? (1)

4.2 Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lisebenze kanjani?

Ngiyisebenza **kanzima** le mali. (2)

4.3 Ungumuntu onjani uThemba? (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandealyo:

**Sidla imbuya ngothi** kusho...:

A Ukudla ngesipunu esiphambili.

B Kuyabuswa kuleyo ndawo.

C Ukudla okushibhile.

D Kuyahlushekwa kuleyo ndawo. (1)

4.5 Ngabe isakhi sini esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Izingane ngizo**zi**bhalisa ngani esikoleni? (1)

4.6 Bhala amazwi asitshela ukuthi uThemba akanazo izingane noTozo. (2)

4.6 UThemba uyazama ukusiza uTozo. Uyavemelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende?Sekela impendulo yakho (2)

**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

Ngiphaphama ngicula emnandi **ingoma**. Ngiyihube ngiphindelela ngaze ngakhumbula umbhalo othi abantwana bayisibusiso esiphuma kuMdali. Ubusisiwe umama owabusiswa ngabantwana. Ngakhumbula impilo sikhula singebaningi. Saseqe ngoyedwa nje vo eshumini. Intombi esizalayo yayisibambe ngamazinyo okwenja ibamba imidlwane yayo. Ongazi wayecabanga ukuthi sidla sisuthe. Sasivundle esiswini esivundile. Intombi eyayivuka ekuseni nogejambazo iyotheza. Emini iyo leyaya ibheke kodayisa ngezikhathi zamadina esikoleni.

Ngikhule **ngimhlonipha** kakhulu umama wami. Ngazitshela ukuthi angifunde ngizimisele kuleli thuba enginikwa lona. Kuyothi ngingaphumelela izinto sezikhanya bha ngibuyisele okuhle kuye nasemndenini wami. Kuyimanje ngenza izifundo zobudokotela. Angizange ngaxuba imfundo nokuganga. Indlela umama wami ayezikhandla ngayo ngathi. Kwangivula amehlo. Ngangikubalekela ukudlala abangani.

*[Umbhalo wokuziqambela]*

5.1.1 Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho liyinhloko noma umenziwa?

Ngiphaphama ngicula ezoyizayo **ingoma**. (1)

5.1.2 Bhala izingcezu zenkulumo ezakhe leli bizombaxa elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Intombi eyayivuka ekuseni **negejambazo** iyotheza. (2)

5.1.3 Bhala igama elimqondofana naleli gama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo bese wakha owakho umusho ngempendulo oyibhalile.

Ngikhule **ngimhlonipha** kakhulu umama wami (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Hlobo luni lwesifenqo lo musho obhalwe ngokugqamile:

Intombi esizalayo **yayisibambe ngamazinyo okwenja ibamba** imidlwane yayo.

A Isenzasamuntu.

B Isifaniso.

C Isingathekiso.

D Isifenyiso. (1)

5.1.5 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula.

Ngangikubalekela ukudlala abangani. (2)

5.1.6 Tomula isenzukuthi kulo musho olandelayo.

Kuyothi ngingaphumelela izinto ziyobe sezikhanya bhâ ngibuyisele okuhle. (1)

5.1.7 Bhala igama elimqondophika nalelo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo, bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

**Ubusisiwe** umgodla ogcwele bona. (2)

5.1.8 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo liveze ubulili besilisa.


**Intombi** esizalayo yayisibambe ngamazinyo. (1)

5.1.9 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ubuningi.

Angizange ngaxuba imfundo nokuganga. (2)

**5.2** Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**




*[umbhalo wokuziqambela,izithombe ku-www.googlepics.com]*

5.2.1 La mazwi alandelayo avusa muphi umuzwa?

"Sithandwa sami" (1)

5.2.2 Yiluphi ulimi olukhohlisayo enkulumweni kaBheki? (1)

5.2.3 Bhala OKUBILI okusesithombeni okuwuphawu lothando. (2)

5.2.4 Hlobo luni lokuchema olwenziwa uNdalo? Bhala isibonelo ngokucaphuna emazwini awakhulumayo. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**